

HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAJUNI 2014

ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA


IBANGA LESHUMINANYE (GRADE 11)

IPHEPHA LESITHATHU (PIII)

NON-MOTHER TONGUE

ISIKHATHI: 2 Amhr

IMIKLOMELo: 700



ISIBONGO.....

IGAMA.....

PHUMELELA NGAMALENGISO ! !!!

QAPHELA UFUNDE !!!

IMIYALELO KUMFUNDI

- *FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- *MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.*
- *Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.*
- *HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA*
- *FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

IMIYALELO KUMFUNDI

1. Leli phepha lihlukaniswe KATHATHU.

ISIQEPHU A: INDABA [50]

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIJANA [30]

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMFUSHANE [20]

2. Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.

3. Hlukanisa isikhathi kanje:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama – 80

ISIQEPHU B: Amaminithi angama – 40

ISIQEPHU C: Amaminithi angama – 30

4. Amagama isiqephu ngasinye:

ISIQEPHU A: Indaba ayi-190 kuye kwangama-240

ISIQEPHU B: Emijana anga-80 kuye kwayi- 100

*ISIQEPHU C: Emfushane angama-60 kuye
kwangama-80*

ISIQEPHU A

INDABA

1. Funda izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso indaba engamagama ayi-190 kuya kwanga-240.

7.1 Amehlo omhlaba wonke athe njo kwelamaNgisi aseNgilandi lapho kunendumezulu khona yomshado.


1.2 Kudingekengani ukuthi abantu bavotele ohulumeni bezifunda.

1.3 Umdlalo webhola lombhoxo kumele uvalwe ngoba uyingozi.

1.4 Ubuhle nobubi bokushadana kwabantu abayizinhlanga ezingefani.

1.5 Buka izithombe ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso indaba. Kumele uyinike isihloko indaba yakho.


1.6



1.7



1.8



5

ISIQEPHU B

2. Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilapha ngenzansi ubhale ngaso amagama angama-80 kuya kwayi – 100

IDAYARI

2.1 Kade nihambile nabazali bakho nivakashela e-Mozambique isonto lonke. Bhala i-dayari yakho usho ukuthi bewenzani isonto lonke.

NOMA

INCWADI YOBUNGANI

2.2 Bhalela umngani wakho incwadi umxoxele ngendawo esenihlala kuyo nomndenani wakho. Mcele ukuthi akuvakashela ngamaholide khona uzomvakashisa ezindaweni zangakini.

NOMA

IRESIPHI

2.3 Udadewenu omdala uvakashelwe abangani bakhe. Ukucelile ukuthi ufike uzobaphekela. Bhala iresiphi yokudla ozabaphekela kona.

NOMA


INGXOXO

2.4 Buka izithombe ezilandelayo bese ubhala ingxoxo phakathi kwalaba abakuso. Yinike isihloko (topic) ingxoxo yakho.


2.5



2.6



2.7



[30]

ISIQEPHU C

3. Funda izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso amagama angama-80 kuya kwayi- 100

3.1 Ungumphathi wenhlangano yomphakathi wangakini. Uceliwe ukuthi kube nguwe ozokwazisa umphakathi ngomhlangano ozobakhona lapho kuzobe kufike khona uMongameli wezwe ezobheka ukuthi intuthuko ihamba kanjani endaweni. Bhala **ISAZISO** ozosikhipha.

NOMA

3.2 Umama wakho usebenza phesheya kwezilwandle kodwa uzobuya njengoba kulungiselwa umshado kakanina wakho nje. Mbhalele i-**E-MEYILI** umtshela ukuthi ukanina wakho ucela amphathele ingubo yokushintsha ngosuku lomshado.

NOMA

3.3 Uyimenenja yenkampani yamakhomp'yutha. Kuzofika abazolungisa indlu entsha lapho kuzothuthelwa khona amakhomp,yutha. Bhalela ozakwenu **IMEMO** ubakhumbuze usuku nesikhathi abazofika ngalo abazolungisa.

3.4 Emva kokuqeda izifundo zakho zamakhono, ubone kufanele

uziqalele elakho ibhizinisi ungaloku uyofuna umsebenzi. Bhala

ISIKHANGISI ozosithumela emaphepheni ahlukene lapho

ukhangisa khona umsebenzi wakho wezandla owenzayo.

(20)

ISAMBA [100]

